# *Ngenjani Indlu EniyakuNgakhela yona?*

Ngiyabonga, Mfowethu Green. Kuyinhlanhla. Ngibingelela uMfowethu noDadewethu Green, nawo wonke olapha kulokhu ukusa. Futhi kuyinhlanhla engizwa ukuthi nginayo engiphiwe yona, ukuba ngize kulendawo yokukhonzela, ukwenza izimemezelo ezimbalwa.

2 Angifuni ukuthatha isikhathi sikaMfowethu Green lapha, ngoba ngamuzwa uMfowethu Green izikhathi eziningana, ekhuluma, futhi ngempela ngathonyeka, futhi lapho esilethela iZwi leNkosi, futhi ngokukhulu ukuthobeka ngalo. Izolo uthe, "Angilitholi iZwi eNkosini njengokuthi mhlawumbe beLingavela ngesambulo, njengoba—njengoba beLithunyelwe, kodwa," wathi, "Ngithanda uku—ukugcizelela phezu kwalokho okushiwo." Wathi, "Njengenkathi uPawulu eloba into ethize eBhayibhelini, ngiza lapha ukuzogcizelela phezu kwalokho akusho." Wathi, "Anginamlayezo, kuphela nje ukugcizelela kulokho osekuvele kushiwo kuvela eNkosini." Ngicabange ukuthi kumangalisa ngempela, u—umfo osemncane onjalo, futhi ngimuzwe ephawula kanjalo.

Manje asibe nezwi lomkhuleko nje ndawonye.

3 Nkulunkulu othandekayo, kul'khuni ukwazi ukuthi ngizoqala kanjani, ngokuba ngiyezwa ukuthi Ukhona namhlanje, futhi eBukhoneni baKho njalo sizizwa sibancane kakhulu. Futhi ngi—ngiyaKubonga ngalenhlanhla. Manje, Nkosi, ukuthi Usiphe lendawo, sikhulekela ukuthi Uzohlangabezana nathi ngaso sonke isikhathi esihlangana ngaso lapha. Futhi kwangathi uMoya waKho oMkhulu ungahamba phezu kwalelidolobha! Kwangathi singakwazi ukuletha loMlayezo weVangeli esinikwe wona futhi wethulwa ezandleni zethu ngalolu izinsuku zokugcina, kwangathi Ungagcwaliseka, futhi Wena uthole yonke imiphefumulo eTucson nasezindaweni ezizungezile, Obamisele ukuPhila. Siphe lezizinto, Baba, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

4 Ngicabanga ukuthi ngifuna ukufunda ivesi elincane lomBhalo lapha kulokhu ukusa, ngaphambi nje kokuba ngisho lamazwi engifisa ukuwasho. Utholakala eZenzweni, isahluko 7 seNcwadi yeZenzo. Futhi nisaphenya kulokho, sizoqala evesini 44.

5 Manje siya eShreveport kuleliviki, kuleliviki elizayo, ngohlu lwezinkonzo, futhi manje sizozama, uma iNkosi ithanda. UMfowethu Moore, uMfowethu Jack Moore, umngani

omuhle kakhulu wethu sobabili uMfowethu Pearry nami, futhi siyamthanda uMfowethu Jack. UMlayezo, ngiyacabanga, uthe ukumdida kancane, ikakhulukazi ngezinye zezinto esizithatha ngokuthi ziyigugu nesizikholwayo, ukuthi—ukuthi Wafika kithi ngokuvulwa kweziMpawu eziyisiKhombisa, njengoba siWukholwa, njengokuthi nje, "inzalo yenyoka," noku "phepha kwaPhakade kwamakholwa," ka—kanjalonjalo, eminye yaleyomiLayezo. Ukuthi, mhlawumbe kwabanye. . . Asicabangi ukuthi Lona ul'khuni, kodwa, Wona, ufanele uvule inhliziyo yakho eQinisweni. Sikholwa ukuthi siphila e—esikhathini sokuphela. Lokho kuyikho nje ngempela kakhulu kithi, ukuthi nje sisekupheleni komgwaqo.

6 Nokukhuluma ebandleni lomuny'umuntu, awu, ufuna ukuyihlonipha impatho enhle yalowomuntu, yo—yokukunika lelothuba lokungena ebandleni lakhe. Futhi mina, ngempela, ngazi ukuthi abakholelwa kuLowo, futhi ngingabahlonipha ngokwenele ukuthi. . . Kunokunye okuninginingi engingakhuluma ngakho lapho, ngaphandle kokungenisa Lowo; ngaphandle uma nje kunguMoya oNgcwele okwenza uWufuqe kancane, niyabo, khona-ke ngempela bengingasho njengoba Eshilo. Futhi akukho okunye engikwaziyo kangcono kunokwenza lokho, futhi ngethemba ukuthi angifundi lutho neze olungcono kunokwenza lokho. Niyabo? AsiWusho nje ngendlela AWusho ngayo.

7 Manje asifunde nje i—ivesi noma amabili lapha e—esahlukweni 7 seNcwadi yeZenzo, siqale ngevesi 44.

> *Kwakukhona itende lobufakazi kobaba ehlane, njengalokhu akuyalayo, yena owakhuluma noMose, ukuba alenze ngomfanekiso abewubonile.*
>
> Ubaba *benoJesu balamukela balingenisa ezweni leZizwe, azixoshayo uNkulunkulu ebusweni bawobaba, kwaze kwaba-semihleni kaDavide;*
>
> *Owathola umusa ebusweni bukaNkulunkulu, wacela ukufunela uNkulunkulu kaJakobe idokodo.*
>
> *Kepha nguSolomoni owamakhela indlu.*
>
> *Kodwa oPhezu konke akahlali ezindlini ezenziwe ngezandla; njengokusho komprofethi ukuthi,*
>
> *Izulu liyisihlalo sami sobukhosi. . . mhlaba uyisenabelo sezinyawo zami: ngenjani indlu eniyakungakhela yona: isho iNkosi: noma yiyiphi indawo yami yokuphumula na?*
>
> Izandla *sami asikwenzanga konke lokhu na?*

8 Phezu kwaLokhu, ukufundwa kwalomBhalo, ngifuna ukusho amazwi ambalwa engifuna ukuwasho ngaphambi kokuba uMfowethu Pearry alethe umlayezo wasekuseni.

9 Ngikuthola lokhu kungokunye kwezikhashana ezinkulu zokuvakasha kwami eTucson. Ngiza lapha ngenxa yokuthi ngiholiwe ukuba ngize lapha. Ngiza lapha ngenxa yokuthi uMoya oNgcwele, ngombono, ungithumele lapha. Ngiyazi lokho kungahle kubonakale kuxakile, mhlawumbe. Kodwa Yena, ngokwazi kwami, noma yini engiyazi ngoNkulunkulu, ngithunywe ngombono eTucson. Ngimangalile ukuthi ngize ngathunyelwa kanjani kulendawo ewugwadule. Bese kuthi-ke lapha lapho okukhona i . . .

10 Ngokukhuluma ngokomoya, ngedolobha, angazi nganoma yiyiphi enye indawo efe kakhulu ngokomoya, kunasedolobheni laseTucson. Kukhona impi phakathi kwamabandla. Kukhona ukuqophisana phakathi kwezinhlangano zamabandla. Akukhobunye, nawo wonke umuntu ehwaphuna, futhi ebamba, futhi empintsha, futhi ezama ukuthola *lona*, nokuqembukelana. Wugwadule, ngokukhuluma ngokomoya, futhi.

11 Kodwa-ke ngiyafunda eBhayibhelini, ukuthi lapho uNkulunkulu abiza uMose wasuka kwabathandekayo bakhe nakho konke lokho okwakuthandeka kuye, wayesemthumela ehlane, ukuba abhale imiThetho yeBhayibheli. Lelo kwakuyiTestamente eLidala, iziNcwadi zokuqala ezine, uGenesisi, uLevitikusi, noDutoronomi, uEksodusi. U . . . Angizange nje ngizisho ngokulandelana, lokho yiziNcwadi ezine. Lelo ngempela yiTestamente eLidala. Ngoba, konke okwaLo kwakuyilokho okwashiwo ngabaprofethi, emaHubweni kaDavide, kanjalonjalo, kodwa iziKronike zamakhosi. Kodwa le kwakuyimisuka yeTestamente eLidala. KwakunguMose owazibhala emva kokuba abizwa esuka ekhaya lakhe lendabuko, lapho ayekade ezalelwe khona futhi wakhuliswa phakathi kwabantu bakubo, futhi wathunyelwa ukuyongena ogwadule, ukuba abhale leNcwadi yeTestamente eLidala.

12 Bese-ke ngithola ukuthi eNcwadini yeTestamente eLisha, lapho uPawulu, ongumqambi, noma hhayi umqambi, kodwa umbhali weTestamente eLisha. Naye futhi wasuswa phakathi kwabantu bakubo, futhi, ngoMoya, wangena eArabiya, lapho Aba neminyaka emithathu nohhafu, ukuba athole ukuphefumulelwa. NoPawulu ungumbhali oyisikhulu weTestamente eLisha. Manje, kukhona uMathewu, uMarku, uLuka, noJohane, kodwa babengababhali ababhala nje lokho uJesu akusho lapho behamba beMlandela. Futhi, kodwa, thatha iNcwadi kaThimothewu, futhi kuya kwabaseRoma, nakumaHeberu, kanjalonjalo, uPawulu wemukela ukuphefumulelwa ukuba abhale iTestamente eLisha; ethatha lonke iTestamente eLidala njengesithunzi, futhi elibeka ngokohlelo. NoNkulunkulu wakuhlonipha, futhi wenza iTestamente eLisha.

13 Futhi manje uma iTestamente eLidala lafanele lisuswe e . . . umbhali wadingeka ukuba asuswe kubantu bakubo,

ayongena ehlane, ukuba athole ukuphefumulelwa ukuba abhale iTestamente eLidala. NaseTestamenteni eLisha, umbhali waqhutshwa nguMqambi, wayongena endaweni ewugwadule, ukuba athole ukuphefumulelwa ukuba abhale iTestamente eLisha. NeziNcwadi zinamekwe uphawu ngeziMpawu eziyisiKhombisa; bekungadinga futhi okufanayo, ngiyakholwa, ngalezizinsuku, ukuvula lezoziMpawu eziyisiKhombisa. Ukushiya lokho okuthandayo, kuya kulokho okuthatha ngokuthi kuyigugu, nekhaya elincane engaliphiwa abantu, naphakathi kwabo bonke abantu bakithi nabangani, nebandla elalichuma, futhi lingenalutho olushodayo; noku—kushiya lokho, uhosheke impela kukho, futhi usuke uhambe, uphumele ogwadule lapho ongazi-muntu khona, nakho konke kumelene nawe.

14 Kodwa kunento ethize ngoNkulunkulu, ukuthi Uqhuba umuntu ukuba enze izinto engaphambili le kwanoma kuphi ukucabanga okungokwakhe, ukuze kube senkazimulweni nokuhlonishwa kukaNkulunkulu. Futhi ngiyakuzwa lokho, hhayi ukuhlonishwa okungokwami, kodwa ngi—ngikuzwa kuyinhlanhla ukuthi kwakungukushiya yonke into eyayibizwa ngokuthi ingethandekayo kimi, ukuba ngingene lapha kulelihlane futhi ngihlupheke sengathi angikaze ngihlupheke empilweni yami, lapha kulelihlane, noma lolugwadule. Kodwa ngiyakholwa, ukuthi ekwenzeni lokho nasekulaleleni lokho uNkulunkulu ayala ukuba kwenziwe, uNkulunkulu usivulele izimfihlakalo zalolusuku lokugcina. Futhi silapha naloMlayezo.

15 Manje, babebaningi abantu abangilandelayo, futhi lokho akusikho okungejwayelekile. Ngokwejwayelekile umuntu esi . . . Abantu bayathandana, futhi lu, uthando, luyokuqhuba ukuba wenze izinto ongacabangi ukuthi wawuyozenza. Nabaningi benu nishiye amakhaya enu, nishiye konke, ukuba nje nihambe, niphumele lapha ogwadule.

16 Abaningi ungibizile, abaningi ungibuzile, “Singeza eArizona na? Kungaba yindawo elungile kithi na?” Awu, njengoba kwashiwo ngoMose nabo, kwakungendawo yesithelo, kungendawo yamapomegranati.

17 Lapha akukho-msebenzi omningi wokwenziwa, nokuphila kuyabiza, nenani lokuphila liyabiza. Ngempela yindawo enesihluku ukuphila kuyo, eTucson, eArizona; amaholo aphansi, no—nokudla kuyabiza, nerente. Yi—yindawo embi kabi ukuphila kuyo, ngaleyondlela. Kodwa kunempilo, komile. Futhi ngezinye izikhathi si . . . Asifanele sithole imiqondo yethu ilingise izinto zalomhlaba.

18 Sifanele sibuke ekuholeni kukaMoya oNgcwele. Kodwa into eyodwa eyangikhathaza ekuzeni lapha, futhi ngitshela abantu, awu, “anifanele nize” noma “nifanele nize,” lokho ngikushiyela kumuntu ngomuntu ngamunye, indlela uNkulunkulu ahola

ngayo lowomuntu ngamunye ukuba akwenze. Ngicabanga ukuthi sonke sifanele sikwenze lokho, siholwe nguMoya, phezu kokuthi asenzeni.

19 Nabaningi benu lapha bavela ezindaweni ezizungeze iJeffersonville, nangebandla lapho, futhi niphumele lapha. Manje, izinto ezingihluphayo, kwakuyindawo yokukhonzela.

20 Futhi ngiyaqonda, njengoba ngifunde umBhalo lapha, kaStefanu nenkulumo yakhe ngaphambi nje kokufa kwakhe; ngokuba bamkhanda ngamatshe masinya kamuva, ngomlayezo wakhe. Lapho esakhuluma, wathi, "obaba," ekhuluma ngamaHeberu osukwini lwasekuqaleni, ukuthi bazama kanjani ukufumana umusa ebusweni bukaNkulunkulu, ukwakha indawo yokukhonzela. Washo ukuthi, "USolomoni waMakhela indlu, noma isakhiwo." Siyejwayele indaba.

21 Kodwa ngiyawathanda amazwi akhe alandelayo, "Kodwa oPhezu konke akahlali ezindlini eyenziwe ngezandla," nenye indawo ngale kuIsaya. Wathi, "'UNgilungisele umzimba; niyabo, umhlatshelo neminikelo, nezakhiwo, kanjalonjalo, kodwa UNgilungisele umzimba.'" Awu, siyaqonda ukuthi wayekhuluma ngaleyonkathi ngomzimba lapho uNkulunkulu ahlala kuwo uyitabernakele, kuKristu.

22 Kodwa ngiyakholwa namhlanje, ukuthi ukuphefumulelwa kufike ku—kuMfowethu Green, ukuba bathuthele lapha, yena noDadewethu Green, bedela indawo yabo emuva empumalanga, futhi, nabo, emuva eTexas, ukuba beze lapha ukuba baqale kungekho lutho; kuphela nje ngokuphefumulelwa, bezwa ukuthi bafanele bakwenze. Ngiyawathokozela amadoda ayolandela ukuhola kukaKristu, kungakhathaleki ngenani elibabizayo.

23 Nakuba izwe lonke, mhlawumbe bona impela abangani bakho abedlula bonke, bacabanga ukuthi unephutha, kodwa akusilo iphutha kuwe. Inqobo nje uma uzwa ukuthi ikhona into esemva kwakho, nguNkulunkulu ekuqhuba; akusilo neze iphutha, futhi njalo kuyophumelela kahle.

24 Ngibona lezizithandani ezisencane, insizwa enethalente. Angikusho lokhu ngoba ihlezi lapha. Nalelinenekazi eliselincane nezingane zalo, nomndeni wakhe ukuba awukhulise, futhi uwuyekile umsebenzi wakhe nakho konke, ukuba athuthele lapha.

25 Ngiyaqonda ukuthi eminyakeni eyedlula ngabizelwa enkonzweni. Angikaze ngibe ngumelusi ophumelelayo, ngoba nginozulayo, umoya ozulazulayo. Angeneliseki nomaphi. Nje noma yikuphi uMoya oya khona, ngifanele nje ngihambe naWo, ngoba nginoMlayezo. UJesu wathi, "Ngifanele ngishumayele kuleli elinye idolobha futhi."

26 Kodwa kukhona labo abangabelusi bezimvu abaqapha umhlambi. Ngijabula kakhulu ukuthi uMfowethu Pearry ulandele ukuhola kukaMoya oNgcwele, futhi namhlanje

sinetabernakele. Lingelincane. Lelo lenele kahle ukuqalisa ngalo, ukubona ukuthi uMoya oNgcwele . . . Singazi, asihambe nje isinyathelo ngesinyathelo. Manje, ngiyakholwa, uma uNkulunkulu ekhulume kuMfowethu noDadewethu Green, ukuba beze lapha, futhi uvule indawo lapho abantwana bethu; esikhundleni sangeSonto ekuseni bagibele amabhayisikili abo, nasemgwaqeni futhi bezulazula, banendawo yokuba beze bazokhonza, esikhundleni sethu ukuba sihlale sijikeleza futhi silalele entweni ethize esiyizwe emsakazweni, okulungile.

27 Kodwa thina, njengaleliqembu labantu, sinoMlayezo walolusuku. Si, sikholwa ukuthi uNkulunkulu usiphe uMlayezo. NoMfowethu Green, u, angifuni ukumbiza onguphathini wami, ngoba si . . . Awu, kunjalo, futhi, uphathini wami, sindawonye kuloMlayezo. UMfowethu Green ushumayela into efanayo noMlayezo engikholelwa kuwo. Ushiye ikhaya lakhe, ushiye abantu bakubo, ushiye ibandla lakhe. Waye, ngiyakholwa, wayengunsumpa wesigodi noma okuthize, wenye yezinhlangano, futhi udela yonke ngenkathi ezwa Lona. Washiya yonke into eyayithandeka kuye, futhi, ukuba eze ogwadule, ukuba nje esekele lokho uNkulunkulu asipha khona manje.

28 Ngithi ngikholwa ukuthi akusikho kuphela ukuthi kufanele kube senhliziyweni yethu, kufanele kube ngumsebenzi wethu esiwumiselweyo ukumeseka, yonke into esingaphumelela ukuyenza, ukuba sethamele izinkonzo, ukuba size lapha ukuba sikhonze, nokwenza lena kube yindawo lapho uNkulunkulu engembula kithi izinto Anazo zethu ukuba azembule. Futhi njengoba izwi lakhe lithe, "UMlayezo awuzi kimi ngokunikwa kokuphefumulelwa, njengoba wenza ku mhlawumbe kwabanye bethu, kodwa," wathi, "Ngilapha ukuzokweseka lokho uNkulunkulu asekunikezile." Inkulumo enje pho! Futhi ngiyakholwa, uma sonke sizobambisana kanyekanye, sizokhiphela izinhliziyo zethu kukho.

29 Ngiyazi ukuthi ngamunye wenu, uma nizwa njengoba ngizwa, ngilambele kakhulu ukubona uMoya kaNkulunkulu unyakaza, kul'khuni nje ukuba ngikumele. Ezinye izehlakalo engisanda kuba nazo phezulu entabeni, ukukuzwa nje lokho kanye futhi, leyoNto ethize ukuthi ngenkathi ngiqala ukusindiswa kwakuyinkazimulo kakhulu enhliziyweni yami! Futhi singeza endaweni, singahlala futhi siyakubona phakathi kwethu, ukuthi siyoma. Njengoba sihlezi lapha ogwadule, ngiba phakathi kwabazalwane bami, bakhuluma nami nami ngikhuluma nabo; njalo, ngendlela encane yokubhekisisa, ngizwa phandle lapho ngoMoya, njengoba kwakunjalo, ukubona nje isimo salowomfowethu, ukubona ukuthi yini engalungile. Ngiqala ukuzwa thina sonke sicambalala, sisuka kuMoya. Sekuphenduka into engokwemvelo kakhulu kithi. Sifanele sikhonze ngoMoya, lapho uMoya kaNkulunkulu . . . Hhayi kuphela uMlayezo wethu ofanele ukuba ilangabi lehora,

ufanele ube yilangabi enhliziyweni yethu. Niyabo? Ufanele ube sezinhliziyweni zethu, kungenjalo singeke—singeke saWethula ngokufanele kubantu. UMoya ufanele uphathe uMlayezo, qobo lwaWo. Futhi ngethemba futhi ngikholwa kini nonke, ukuba nibe ngumKristu wangempela.

30 Manje badinga othisha bakaSonto sikole. Bazodinga isitafu. Futhi ngifuna ukusho lokhu ukuze nizoqondisisa kahle. Leli yibandla lami.

31 Sengibe lapha iminyaka emithathu. Futhi nganginomnyango owodwa engivulelwe wona, lowo kwakunguMfowethu Mack owangicela ukuba ngizoshumayela. UNkulunkulu ambusise. Angikaze ngimenywe yinoma yibaphi abanye abantu; anginalutho engimelene nalo ngabo, bakahle. UMfowethu Brock, umngani wami olungileyo, uMfowethu Gilmore, abaningi balaba abazalwane bePentecostal lapha, bangabangani bami abalungileyo, abajule kakhulu, kakhulu. Ngiyabathanda; angimelene ngalutho nabo. Ngiyasiqonda isikhundla sabo. Abakwazi ukungimemela phakathi lapho, bese bona besala enhlanganweni yabo. Niyabo, abakwazi ukukwenza. Ngoba, uma bekwenza, bakhahlelwa bakhishwe. Ngakho niyasibona isikhundla sabo. Ngaba nento efanayo ukuba ngibhekane nayo. Kodwa manje kwangathi kungahlala njalo kungukuthi, "Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu," intando kaNkulunkulu.

32 Futhi manje lokho, uMfowethu Green, uNkulunkulu umthume phakathi lapha futhi wasivulela ibandla lokuKholwa okuyigugu okufanayo esikholelwa kukho, besifanele sibonge kakhulu kuNkulunkulu, futhi sithamele zonke izinkonzo, sithathe zonke izindawo esingazithatha. Futhi uma sicelwa futhi sibizwa, ukuba sikhuleke, ukuba sifune, ukuba senze, masibe amasosha khona e . . . nje sishisekele ukukwenza. Niyabo?

33 Gcinani uMlayezo uhloniphekile, futhi niphile uhlobo olufanele lokuphila. Ningavumeli-gciwane lomule lize phezu kwaWo. Siphila ekwedlulelweni yisikhathi manje. Se—sedlulelwe yisikhathi ehoreni. AsiWuphile ngokuhlanzekile. Noma, impilo yami, impilo yakho, zonke izimpilo zethu idinga ukucoshwa, phambi kukaNkulunkulu.

34 Intsha yethu nje igibela izulazula, isuka endaweni iya endaweni, isuka ebhayisikobho iya ebhayisikobho, futhi ishushumba iqhela iqhela kude kuNkulunkulu. Kunjalo. Manje, lelo yiqiniso. Ngikubona kubantwana bami, futhi ngizibona mina ngifika endaweni lapho okunga . . . Wena, nifanele sibuthane ndawonye, ukuba sikhonze uNkulunkulu; iBhayibheli lasho njalo, "Nxa sibona lolusuku lusondela, ukuba sibuthane ndawonye kakhulu." Uma kukhona abantu ababili kuphela lapha, wena yiba ngomunye wabo. Manje lokho yi . . . Futhi uma sibuthana ndawonye futhi sikhonze ndawonye, khona-ke sivele nje, okunye okuthize ngakho, uJesu wathi, "Lapho

kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, Ngikhona lapho phakathi kwabo."

35 Manje, njengoba ngishilo ngaphambili, uMfowethu Green ungitshelile, futhi wakusho. Umkami uyafika, wangitshela ukuthi utheni ngenkathi ngingekho. Ukuthi, futhi ushilo kulokhu ukusa, ukuthi, "Ipulpiti belivulekile ngaso sonke isikhathi." Manje ngokwejwayelekile...Lokho ngukuthi, livulekele mina ukuba ngikhulume.

36 Manje, ngokwejwayelekile, bengifanele ngishayele yonke indlela ngiya eJeffersonville, eIndiana, ukuba nginikeze uMlayezo uNkulunkulu anginika wona, ukuba ngiwulethe kubantu; ngihambe yonke indlela ngiya eJeffersonville, eIndiana, futhi ngamunye wenu nishaya uhele ezweni lonke, futhi nixhuma izingcingo nezinto, ukuba nithole uMlayezo, ngoba yilokho esiphila ngakho. Niyabo, yilokho esikuzele lapha. Awu, asisadingeki senze lokho.

37 UNkulunkulu unginika uMlayezo, ngingahamba khona lapha ngiye epulpiti futhi ngiwushumayele, futhi ngizizwe ngikhululekile ukukwenza. Niyabo? Futhi ngiyakholwa, ngalokho, ukuthi uNkulunkulu uSomandla uzonibusisa uma nje nizoma ngalelibandla manje, leliqembu labantu. Kungabi sikho lokho kuphela, kodwa asiphume futhi sibone ukuthi singebathole yini abanye ukuba bangene. Niyabo, asikhulume kwabanye ndawo zonke, sikhulume kubo ngebandla lethu nokuthi lisho ukuthini. Ukuthi ibandla lethu...Silapha. Sifuna nize, ningenise izihambi, futhi ngineqiniso kuzoba kuhle kithina sonke. Niyabo? Sinesakhiwo, esibongayo ngaso. Siyabonga ngalendawo, ukuba sibuthane ndawonye.

38 Kepha, "Kodwa oPhezu konke akahlali emathempelini enziwe ngezandla, niyabo, 'Ngokuba iZulu liyisihlalo saMi sobukhosi, nomhlaba uyisenabelo sezinyawo zaMi; futhi iphi indawo yokuphumula kwaMi na? Kepha UNgilungesele umzimba.'"

39 Futhi singuMzimba kaKristu. Ngakho njengoba sisuka kwenye indlu siya kwenye indlu, ngiyakholwa, ekuletheni imiLayezo yethu, futhi sizokwehla futhi sibe nezinkonzo zokuphilisa. Nanoma yini iNkosi esembulela ukuba siyenze, sizoba nayo khona lapha ebandleni, lize likhule libe likhulu kakhulu nizofanele niwuthathe niwuyise kwenye indawo, nakwenye indawo, kuze kufike uJesu. UNkulunkulu anibusise.

40 [UMfowethu Pearry Green uyaphawula, usecela-ke uMfowethu Branham ukuba amgcobe—Umhl.]

Sikhothamise amakhanda ethu.

41 Nkulunkulu othandekayo, njengoba simi lapha kulomsamo, omele, khona phezu kwe altare lapha, siyaqonda ukuthi siyi—yisintu esifayo sabantu, mayelana nalomhlaba. Sibuka phandle phezu kwemigwaqo futhi sibone isono sibhalwe ndawo zonke,

nokuthi iNkazimulo yeNkosi imuka ngokushesha. Futhi siyazi, uma iNkazimulo yeNkosi yenyuka, kanjalo neBandla lizohamba naYo. Nkulunkulu, sifuna ukuba lapho.

42 Ezinsukwini ezimbalwa nje ezedlule, ngimi lapha ekhoneni lomgwaqo, ngaphesheya komgwaqo nje, ngibuka lowomviliyelo wamabutho wehla ngomgwaqo; futhi ngibona lezozimoto ezisindayo zempi ezindala zeMpi yokuQala zihola indlela, bese kuza imoto enkulu yempi yaseSherman esindayo, emva kwaleyo kulandele njalo njalo njalo, bese kuba ngomama benkanyezi yegolide; umndeni omncane okhathazekile, nonkosikazi okhalayo, nomfana omncane omanikiniki eshonelwe nguyise, nomama omdala wayeshonelwe yindodana. O, kudabukisa kanjani ukuma ekhoneni lomgwaqo futhi ubuke into efana naleyo yedlula! Bese ngiqaphela, kuthe nje bangadlula lendlu, umculo washintshela ku "Phambili, maButho angamaKristu." Beshaya izimashi zabo, ngemuva; kodwa ngenkathi bedlula lendawana!

43 Nkulunkulu othandekayo, ngicabanga ngesinye isikhathi esikhulu esizayo, nalokho kuyoba ngukuvuka, lapho izinsizwa ezindala ziyophuma kuqala, abangcwele, okhokho. "Ngokuba thina esisekhona sisasele asiyikubandulela noma sibavimbele labo abaleleyo; ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala." Khona-ke uma sibona lokho okukhulu . . . labobantu nje behamba, bemasha bedabula ezibhakabhakeni; futhi siyobe simi, silinde ukuguqulwa kwethu, sazi ukuthi siyoshaya umugqa, nathi. Nkulunkulu, senze sibe ngamasosha athembekile.

44 Labo kuphela abazihlanganise ngempela futhi kade besempini abayokwazi ukuthi lokho ngempela bekusho ukuthini, ukubona lezozimoto zempi ezisindayo zihamba. Futhi, Nkulunkulu, sicabanga ukuthi labo akade besempini yokuphila bazokwazi ukuthi kusho ukuthini, uma silindele ithuba lethu ukuba sime ngesikhundla nendawo, ekuvukeni, ukuba siye phezulu.

45 Nalo, umfowethu osemncane, emi lapha, eqeqesheke kahle, emi ngomumo, egqokisiwe, elindele indoda endala ukuba ibeke izandla phezu kwakhe, lo oyiqhawe elidala okade esenhla lapho emgqeni ongaphambili, azi ukuthi ufanele ajoyine impi, naye. Nkulunkulu othandekayo, ngalezizandla ezingafanele engizibeka phezu komfowethu, ekumeleni ezaKho. Busisa uMfowethu Green, Nkulunkulu othandekayo, engimbusisayo eGameni likaJesu. Kwangathi angathwala loMlayezo, Nkosi, ungene kulelidolobha nanoma yikuphi lapho Ozombizela khona. Kwangathi angethembeka, agcwaliswe ngoMoya, ephila impilo ngaphezu kokusolwa. Nkulunkulu, makabe nezinhliziyo zabantu, ukuze akwazi ukubafundisa futhi abahole futhi abaqondise endleleni sonke esifisa ukuhamba ngayo. Siphe khona, Nkosi.

46 Busisa umkakhe othembekile, abantwana bakhe abancane. Busisa imizamo yethu lapha sindawonye, njengabafowethu abangamaKristu lapha emhlabeni, ukuthi sifanele sithwale leliVangeli liye emikhawulweni yezwe. Thumela uMoya waKho phezu kwakhe, Nkulunkulu. Sikhuleka eGameni likaJesu Kristu, njengoba simnikela kuWe. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Pearry. Thwala iZwi likaNkulunkulu.

*Ngenjani Indlu EniyakuNgakhela yona?* ZUL65-1121
(What House Will You Build Me?)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngoNovemba 21, 1965, eTucson Tabernakele eTucson, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org